# Liyini iVangeli likaJesu Krestu?

Ivangeli likaJesu Krestu luwuhlelo lukaBaba wethu waseZulwini lenjabulo kanye nensindiso* kubantwana Bakhe. Libizwa ngokuthiwa ivangeli likaJesu Krestu ngokuba Ukuhlawulelwa kukaJesu Krestu kuphakathi kwalohlelo. Mayelana nohlelo Lwakhe, uBaba wethu waseZulwini wathumela iNdodana Yakhe, uJesu Krestu, emhlabeni ukuba siphile izimpilo ezinomqondo kanye nezinenjabulo futhi sithole injabulo engunaphakade emva kwalempilo. Ngo musa kanye nesihe sikaJesu Krestu, ungabamsulwa esonweni futhi uzizwe unoxolo enhlizweni. Ungafaneleka ukuphila phambi kukaBaba waseZulwini emva kwalempilo.

Ukuthola loxolo kanye namandla, kumele ufunde futhi ulandele imithetho kanye nezimiso zevangeli. Umthetho uyiqiniso lelo elingasetshenziswa empilweni; isimiso singcwele, isenzo esilungile esenziwa ngegunya lobupristi futhi sivamise ukuba indlela yokungena kwisivumelwano kanye noBaba wethu waseZulwini. Imithetho yokuqala yevangeli ukholo kuJesu Krestu kanye nokuguquka. Izimiso zokuqala zevangeli ukubhabhadiswa kanye nokuthola uMoya oNgcwele.

*Ungaphila ivangeli likaJesu Krestu ngoku:*

- *Khulisa ukholo kuJesu Krestu.*
- *Uguquke.*
- *uBhabhadiswe kanye nokuthola uMoya oNgcwele.*
- *Ubekezela kuze kufike ekugcineni.*

Emva kokuba ufundile futhi walendela imithetho yokuqala kanye nezimiso zevangeli, funa ukulandela isibonelo sikaKrestu kusosonke isikhathi esisele sempilo yakho. Lokuqhubeka ngokholo kubizwa ngokuthiwa "ukubekezela kuze kufike ekugcineni."

*Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***Izifundo kanye Nokuhlawulelwa kukaJesu Kestu kuphakathi kwevangeli Lakhe.***

## Ukholo kuJesu Krestu

Ukholo inkolelo enamandla egqugquzela umuntu ukuba enze. Ukholo oluholela ekuxolelweni kwezono luphakathi noJesu Krestu, Ukuhlawulelwa kwakhe okwenza ukuxolelwa kubekhona. Ukholo kuJesu Krestu kungaphezulu kokukholelwa Kuye. Kusho ukukholwa ukuthi Yena uyiNdodana kaNkulunkulu futhi Wahluphekela izono zethu, ubunzima, kanye nokugula. Kusho ukukhombisa ngezenzo kulolokholo. Ukholo kuJesu Krestu kuholela ukuba umthande Yena, uthembe Yena, futhi ulalele imiyalelo Yakhe.

> *"Thembela eNkosini ngenhliziyo yonke yakho, futhi ungangciki ngokomqondo wakho. Kuzo zonke indlela zakho mazi, futhi uzokubonisa izindlela zakho."*
>
> **Izaga 3:5–6**

## Ukuguquka

Ukholo kuJesu Krestu kuholela ukuba wena ufune ukushintsha impilo yakho ibe ngcono. Njengoba ufunda ngevangeli, uzakuthola ukuthi wonile, noma wenze ngendlela engahambisani nemfundiso kaNkulunkulu. Ngokuguquka, ushintsha leyomicabango, izifiso, imikhuba, kanye nezenzo lezo ezingahambisani kahle nemfundiso kaNkulunkulu. Uthembisa ukuthi uma uguquka, Uzakuxolela izono zakho. Uma uguquka u:

**Bona** ukuthi wonile futhi uzizwe unokudabuka okwangempela kulokho okwenzile.

**Yekela** ukwenza okungalungile, futhi uzame ngamandla akho ukungasaphinde futhi ukwenze.

**Vuma** izono zakho eNkosini futhi ucele ukuxolelwa. Ukwenza kanjalo kususa umthwalo osindayo. Uma wenze isono komunye umuntu, ucela futhi ukuxolelwa kuloyomuntu.

*Ukholo kuJesu Krestu umthetho wokuqala wevangeli.*

**Lungisa** Wenza konke okusemandleni akho ukulungisa izinkinga ezenzwe imisebenzi yakho.

**Gcina Imiyalelo** Ukulalela imiyalelo kaNkulunkulu kuletha amandla evangeli empilweni yakho. Ivangeli lizakunikeza amandla ukuba ushiye izono zakho. Ukugcina imiyalelo kufaka ukusebenzela abanye, ukuxolela abanye, kanye nokuya emihlanganweni yeBandla.

**Mazi uMsindisi.** Ingxenye yokuguquka ebaluleke kakhulu ukuqonda ukuthi ukuxolelwa kuza ngenxa kaJesu Krestu. Mhlawumbe ngesinye isikhathi uke wazizwa ukuthi uNkulunkulu akasoze axolele izono ezinzima kakhulu. Kepha uMsindisi wahluphekela izono zethu ukuze zisuswe kithi, kanye nalezi ezinzima. Umphumela wokuguquka ngempela ukuxolelwa, uxolo, induduzo, kanye nenjabulo.

*Sonke siyawenza amaphutha. Ngesinye isikhathi siyazilimaza siphinde silamaze abanye kakhulu ngezindlela lezo sisodwa singeke sazilungisa. Siphula izinto lezo thina sisodwa singeke sazilungisa. Bese sizizwa sinecala, sinamahloni, kanye nokuhlupheka, lokho thina sisodwa singeke sakulapha. Amandla wokulapha Wokuhlawulelwa angalungisa lokho thina esingeke sakulungisa.*

Ukuguquka akusho ukwenza ngasosonke isikhathi ushintsho olukhulu. Esikhathini esiningi kudinga nje ukuzibophezelela okuphakeme ukuba uphile ngendlela ehambisana nentando kaNkulunkulu. Ukuguquka kwangempela akuvamile ukwenzeka masishane; iba nesineke njengoba uzama ukwenza lokho okulungile kanye nokulungisa amaphutha owenzayo. Njengoba uguquka, uzakuzwa ushintsho enhlizweni yakho. Awusoze wafisa ukwenza isono. Uzakuthola ukwazi ukuthi ungumntwana kaNkulunkulu futhi awudingi uqhubeke uphinde wenze amaphutha afanayo njalo. Isifiso sakho sokulandela uNkulunkulu sizakhula ngamandla futhi sinzule.

## UKUBHABHADISA KANYE NOMOYA ONGCWELE

Ukholo kuJesu Krestu kanye nokuguquka kulungiselela wena ukuba ubhabhadiswe futhi uthole uMoya oNgcwele. uJesu Krestu wafundisa ukuthi wonke umuntu kumele abhabhadiswe ngamanzi kanye nangoMoya (uMoya oNgcwele) ukuze sithethelelwe, noma sixolelwe, izono. Ngokubhabhadiswa ngaloyo ophethe igunya lobupristi futhi nokuthola uMoya oNgcwele, uzakuzalwa kabusha ngokomoya ongcwele.

### Yingani Ngidinga Ukuba ngiBhabhadiswe?

uJesu Krestu wenza isibonelo kithi sokuba abhabhadiswe ukuze "kugcwaliseke konke okulungilelo" (uMatewu 3:15). Uma ubhabhadiswa, uthola ukuthethelelwa kwezono zakho (bona Izenzo 2:38). Wenza isivumelwano, noma isethembiso, kanye noNkulunkulu: uthembisa ukwamukela uJesu Krestu njengoMsindisi wakho, ukumlandela Yena, futhi ugcine imiyalelo Yakhe. Uma wenza ingxenye yakho, uBaba wakho waseZulwini uthembisa ukuxolela izono zakho. Uma ubhabhadiswa ngegunya langempela, izono zakho ziya hlanzwa.

> *"uJesu waphendula, Ngempela, ngempela, Ngithi kinina, Ngaphandle kokuba umuntu azalwe ngokwamanzi kanye nangokoMoya oNgcwele, akasoze angene embusweni kaNkulunkulu."*
>
> **uJohane 3:5**

Ukubhabhadiswa kufaka ukucwiliswa ngaphakathi kwamanzi okwesikhashana. Lena indlela uJesu Krestu abhabhadiswa ngayo. Ukubhabhadiswa ngokucwilisa kuwuphawu olungcwele lokufa, ukungcwatshwa, kanye nokuVuka Kwabafileyo kukaJesu Krestu; kubonisa ukuphela kwempilo yakho yakudala futhi nokuqala kwempilo entsha njengomlandeli kaJesu Krestu.

***uJesu Krestu wabhabhadiswa nguJohane umBhabhadisi.***

**Yingani Ngidinga Ukuba Ngithole uMoya oNgcwele?**
Ngesikhathi ukubhabhadisa kuhlanza izono zakho, uMoya oNgcwele uyakubusisa, noma ukungcwelise. Uma uhlala unokholo kwisivumelwano sakho sokubhabhadiswa, ungaba noMoya oNgcwele ngasosonke isikhathi. Wonke umuntu olungile angezwa imfundiso yoMoya oNgcwele, kepha kuphela labo ababhabhadisiwe futhi abathola uMoya oNgcwele abanelungelo lobungane obuhlala njalo bukhona empilweni.

> *Ungafundiswa futhi uholwe nguMoya oNgcwele. "Umduduzi, okunguMoya oNgcwele, loyo uBaba azakumletha ngegama lami, uzakufundisa zonke izinto, futhi alethe zonke izinto ukuze ukhumbule, noma yikuphi engakusho kini."*
>
> **uJohane14:6**

uMoya oNgcwele usiza wena ukuba ubone futhi uqonde iqiniso. Unikezela ngamandla angcwele kanye nogqozi. Uyakududuza ezikhathini ezinzima futhi ukuhole ekuthatheni izinqumo. Ungezwa uthando lukaNkulunkulu kanye nemfundiso empilweni yakho yangemihla ngemihla ngoMoya oNgcwele.

Ikhono lakho lokujabulela lesipho esingcwele kuzophuma ekulaleleni kwakho imiyalelo kaNkulunkulu. uMoya oNgcwele awusoze wahlala nalabo abangaphili ngendlela yemfundiso kaNkulunkulu. Balahlekelwa igunya lokuholwa kanye nogqozi Lwakhe. Zama njalo ngawowonke amandla akho ukuba uhlale unobungane kanye nokuholwa nguMoya oyiNgcwele.

Uthola uMoya oNgcwele emva kokubhabhadiswa. Kwisimiso esibizwa ngokuthiwa ukuqiniswa, oyedwa noma abaningi abaphethe igunya lobupristi babeka izandla zabo phezu kwekhanda lakho. Benza isiqiniseko sokuba uyilungu leBandla futhi bakubusise ukuze uthole uMoya oNgcwele. Lesisimiso sivame ukwenzeka emsebenzini webandla masishane emva kokubhabhadiswa. Uma ubhabhadiswa futhi uqinisiwe, uba yilungu leBandla likaJesu Krestu Labangcwele Bezinsuku-zokugcina.

* Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***uMoya oNgcwele unikezwa ngokubekwa kwezandla.***

## Isidlo seNkosi

Emva kokubhabhadiswa kwakho, ungavuselela izivumelwano zakho sokubhabhadiswa ngeviki linye ngokuthabatha isidlo seNkosi. Ngesikhathi somsebenzi wesidlo seNkosi, isinkwa kanye namanzi ayabusiswa futhi adluliselwe ebandleni njengesikhumbuzo Sokuhlawulelwa kukaJesu Krestu. Isinkwa siwuphawu lomzimba Wakhe, futhi amanzi awuphawu legazi Lakhe. Njengoba uvuselela izivumelwano zakho zokubhabhadiswa, uyathenjiswa ukuthi uzakuba noMoya, noma uMoya oNgcwele, ngasosonke isikhathi.

*Isidlo seNkosi sikusiza ukuba ukhumbule ngokubonga impilo, ubufundisi bukaKrestu, kanye nokuHlawulelwa kukaJesu Krestu.*

* Amagama abomvu achazwe kumakhasi 18 kanye no 19.

***Isidlo seNkosi sisiza sikhumbule uJesu Krestu.***

## Ukubekezela kuze kufike Ekugcineni

Uba yilungu leBandla likaJesu Krestu Labangcwele Bezinsuku-zokugcina ngokholo kuJesu Krestu, uguquke, kanye nezimiso zokubhabhadisa futhi nokuqiniswa. Emva kokuba ube yilungu leBandla, uzakuqhubeka ukhule ngokuzwisisa. Uzaqhubeka usebenzise ukholo kuJesu Krestu, uguquke, uvuselele izivumelwano zakho zokubhabhadiswa ngokuthabatha isidlo seNkosi, futhi ulandele indlela kaMoya oyiNgcwele. Lemithetho yokuqala eyisihlabathi sezimiso zevangeli ziyindlela engalandelwa kwimpilo yonke. Lokuzibophezelela kwempilo yonke kuvame ukubizwa ngokuthiwa "ukubekezela kuze kufike ekugcineni."

Ukubekezela kuze kufike ekugcineni kuletha indlela ekhombayo, uxolo, kanye nenjabulo empilweni. Uzakuzwa injabulo yokuzama ukuba ufane kakhulu njengoJesu Krestu njengoba usebenza futhi usiza labo abaseduzane nawe. Uzakuzwisisa kangcono ubuhlobo bakho kanye noBaba oseZulwini futhi uzwe uthando oluphelele Lwakhe analo ngawe. Uzakuzwa ithemba kanye nenjongo enomqondo emhlabeni ohlala ungeneme futhi onezinkinga.

*Ivangeli likaJesu Krestu liyindlela yokuphila.*

*"Kumele niphokophele ukuya phambili ngokuzimisela kuKrestu, nibe nethemba eliphelele elinokukhanya, kanye nothando kuNkulunkulu futhi nothando labobonke abantu. Ngalokho-ke, uma niphokophele ukuya phambili, nidla izwi likaKrestu, futhi nibekezela kuze kufike ekugcineni, qaphelani, usho kanjena uBaba: Nizakuba nokuphila okunaphakade."*

**2 Nifayi 31:20**

## NGINGAKWAZI KANJANI?

Ivangeli likaJesu Krestu libuyisiwe ngesambulo esivela kuNkulunkulu esinikeza uMprofethi uJoseph Smith futhi nabanye abaprofethi.

Ungakwazi ngokwakho ukuthi lezizinto ziyiqiniso ngokucela kuBaba wakho waseZulwini ngokuthandaza. Uzakuphendula ngoMoya oNgcwele, futhi lowo ophinde ubizwe ngokuthiwa uMoya kaNkulunkulu. uMoya oNgcwele ungufakazi, noma ubeka ubufakazi, bukaBaba waseZulwini kanye noJesu Krestu. uMoya oNgcwele ubeka isiqiniseko seqiniso ngemizwa, imicabango, kanye nokulinganisa. Imizwa leyo evela kuMoya oNgcwele inamandla, kepha ivame ukuba mnene futhi ithulile. Njengoba kwafundiswa eBhayibhelini, "Isithelo soMphefumulo uthando, injabulo, ukuhlupheka isikhathi eside, ubumnene, ukulunga, ukholo, ukuzithoba, [kanye] nokuziphatha" (AbaseGalathiya 5:22–23).

*Ngithandaza Kanjani?*

- *Biza uBaba wakho waseZulwini.*
- *Khombisa imizwa yenhliziyo yakho (ukubonga, imibuzo, isicelo sokuqinisekisa ukuthi iNcwadi kaMomoni iyiqiniso futhi ngezifundo zabafundisi bezenkolo).*
- *Vala ("Ngegama likaJesu Krestu, Amen").*

Lemizwa iyisiqiniseko esivela kuMoya oNgcwele ukuthi lomlayezo uyiqiniso. Ngakho-ke uzakudinga ukukhetha ukuba ungakwazi ukuphila ngoxolo futhi nangevangeli likaJesu Krestu njengoba libuyisiwe ngoJoseph Smith.

***Ungalazi iqiniso ngomthandazo wangempela.***

## UHLELO LWEZIMO

**Ukuhlawulelwa** Isehlakalo leso esenza thina sixolelwe nguNkulunkulu. Ukuhlawula ukuhlupheka ngokuhlawula ngokwezono, ngalokho kususwe izinto zesono kulabo ekade bayizoni eseziguqukile. uJesu Krestu kwakunguyena kuphela owayekwazi ukwenza Ukuhlawulelwa okuphelele kawonke umuntu. Ukuhlawulelwa Kwakhe kwaletha ukhlupekela izono zethu, ukuchitheka kwegazi Lakhe, kanye nokufa Kwakhe futhi Nokuvuka Kwabafileyo. Ngenxa yokuHlawulelwa, wonke umuntu oyewaphila uzakuvuka kwabafileyo. Ukuhlawulelwa kuphinde kusinikeze indlela yokuxolelwa izono zethu futhi siphile ingunaphakade kanye noNkulunkulu.

**ukubhabhadisa** Isinyathelo esibaluleke kakhulu ekhutholeni ukuxolelwa kwezono. Ngokubhabhadiswa kanye nokuqiniswa ngegunya lobupristi, sibangamalungu eBandla likaJesu Krestu Labangcwele Bezinsuku-zokugcina. Ukubhabhadiswa ngokucwiliswa, kusho ukuthi umuntu obhabhadiswayo ufakwa phakathi emanzini okwesikhashana. Ukubhabhadiswa kubonisa isifiso sokulandela isibonelo sikaKrestu kanye nokwenza isivumelwano kanye noNkulunkulu.

**Isiqiniseko** Indlela umuntu athola ngayo uMoya oNgcwele. Kulesimiso, esivame ukwenzeka emhlanganweni wesidlo seNkosi masishane emva kokubhabhadiswa, umuntu uyaqiniswa, noma enziwe, ilungu leBandla likaJesu Krestu Labangcwele Bezinsuku-zokugcina.

**Isivumelwano** Isivumelwano phakathi koNkulunkulu kanye nabantwana Bakhe. uNkulunkulu unikeza izimo zesivumelwano, futhi siyavuma ukulalela Yena. uNkulunkulu uthembisa ezinye izibusiso ngokulalela kwethu.

**Ukubonga** Usizo kanye namandla anobungcwele anikezwe ngomusa kanye nothando lukaJesu Krestu. Kungumusa Wakhe, owenze kwakhonakala Ukuhlawulelwa Kwakhe, wonke umuntu uzakuvuka kwabafileyo. Kungumusa Wakhe, labo abaguquka njalo futhi baphile ngendlela yevangeli Lakhe bazakuzwa ukusondela okungapheliyo kukaBaba wabo waseZulwini kulempilo futhi baphile phambi kobuso Bakhe emva kwalempilo.

**Isimiso** Isenzo esingcwele, esilungile esenziwa ngegunya lobupristi. Izibonelo zifaka ukubhabhadiswa, ukuthola uMoya oNgcwele, kanye nesidlo seNkosi. Izimiso zivame ukuba yindlela yokungena esivumelwaneni noNkulunkulu.

**isidlo seNkosi** Isimiso esikhumbuza amalungu eBandla Ngokuhlawulelwa kukaJesu Krestu. Ngokuthabatha isidlo seNkosi, sivuselela isivumelwano esisenza ekubhabhadisweni. Isinkwa kanye namanzi ayabusiswa futhi adluliselwe ebandleni. Isinkwa siwuphawu lomzimba kaJesu Krestu, futhi amanzi awuphawu legazi Lakhe. Lesisimiso senzeka ngeviki linye emsebenzini wokukhonza obizwa ngokuthiwa umhlangano wesidlo seNkosi.

**Insindiso** Ukukhululwa esonweni kanye nasekufeni. Insindiso yenzeka ngokuHlawulelwa kukaJesu Krestu. Ngokuvuka Kwabafileyo kukaJesu Krestu, wonke umuntu uzakwazi ukunqoba ukufa. Singaphinda sisindiswe ezintweni zezono zethu ngokuba nokholo kuJesu Krestu. Lokholo luveziwe empilweni yokuguquka kanye nokulalela kwemithetho kanye nezimiso zevangeli futhi nokusebenzela uKrestu.

# ISIFUNDO ESINGEZIWE

Imibuzo elandelayo kanye nemibhalo yezenkolo ingakusiza ukwazi ukufunda kabanzi ngemithetho kulephamflethi futhi udlinze ngayo. Uhlelo aluphelele; imibhalo engezansi futhi nemibhalo engcwele eqhathanisiwe izakukhombisa imigqa engeziwe kanye nezinto ezingasetshenziswa ngalemithetho.

**Liyini ivangeli likaJesu Krestu?**

3 Nifayi 27:13–22 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 459–60)

**Kusho ukuthini ukuba nokholo?**
**Ukholo lungakunikeza kanjani amandla?**

AmaHeberu 11:1, 6 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

uAlma 32:21, 26–28 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 289–90)

uEther 12:6 (iNcwadi kaMomoni, amkhasi 509)

**Kusho ukuthini ukuguquka?**
**Yingani wonke umuntu adinga ukuba aguquke?**

uLuka 15:3–10 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

Izenzo 3:19 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

uAlma 12:33–34 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 240)

**Yingani wonke umuntu adinga ukuba abhabhadiswe?**

Izenzo 2:38 (iBhayibheli, iTestamente Elisha)

2 Nifayi 31–32 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 112–16)

**Uyini uMoya oNgcwele?**
**uMoya oNgcwele ungabusisa kanjani impilo yakho?**

2 Nifayi 32:5 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 115)

3 Nifayi 27:20 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 459)

**Iyini injongo yesidlo seNkosi?**

3 Nifayi 18:1–12 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 442)

uMoroni 4–5 (iNcwadi kaMomoni, amakhasi 519–20)

**Kusho ukuthini ukubekezela kuze kufike ekugcineni?**

2 Nifayi 31:15–20 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 114)

3 Nifayi 15:9 (iNcwadi kaMomoni, ikhasi 437)

# Khonza kanye Nathi

WOZA FUTHI UZOBONA UKUTHI IVANGELI ELIBUYISIWE LINGABUSISA KANJANI IMPILO YAKHO



Umhlangano wesidlo seNkosi uwona msebenzi wokukhonza omkhulu. Uvamise ukuthatha ngaphezudlwana kwehora futhi uvamise ukuphathelana naloku okulandelayo:

*Amaculo:* Aculwa yibandla. (Izincwadi zamaculo zinikeziwe.)

*Imithandazo:* Inikezwa ngamalungu eBandla lendawo.

*Isidlo seNkosi:* Isinkwa kanye namanzi ayabusiswa futhi adluliselwe ebandleni njengesikhumbuzo Sokuhlawulelwa kukaJesu Krestu.

*Abakhulumi:* Kuvamise oyedwa noma ababili abangamalungu ebandla anikeziwe ukukhuluma ngezindaba zevangeli.

*Ukugqoka:* Amadoda kanye nabafana bavimise ukugqoka amasudu noma amabulukwe kanye nehhembe nothayi. Abasifazane kanye namantombazane bagqoka amalokwe noma iziketi.

Umnikelo awuvumelekile ngesikhathi somsebenzi wokukhonza.

Siphinda sikumeme ukuba uye emhlanganweni eminye, kuya ngokuthanda kwakho kanye neminyaka yobudala okuyona. Uhlelo kanye nokuba khona kwalemihlangano ingashintsha.

*Iklasi langeSonto* Amaklasi wokufunda imibhalo engcwele kanye nemfundiso yevangeli.

*Imihlangano yobupristi:* Amaklasi wabesilisa kanye nabafana beminyaka engu 12 nangaphezulu.

*Inhlangano Yabesimame Yenkululeko* Amaklasi wabesimame beminyaka engu 18 nangaphezulu.

*Abesifazane abasebasha* Amaklasi wamantombazana beminyaka engu 12 ukuya ku 18.




*Iklasi lezingane* Umsebenzi weqembu kanye neklasi lezingane ezineminyaka engu 3 ukuya ku 11. Iklasi lezingane ezincane ezinezinyanga ezu 18 ukuya kwiminyaka engu 3 ubudala zikhona ngasosonke isikhathi.

Isikhathi senhlangano yesidlo seNkosi:______________________

Intshumayelo evela endlini yokukhonzela:___________________

________________________________________________________




# Ngingenzani?

- *Funda iNcwadi kaMomoni.*
  *Ukufunda okucatshangiwe:*__________
  ____________________________________
- *Thandaza ukwazi ukuthi uJesu Krestu unguMsindisi wakho.*
- *Guquka futhi uthandazele ukuthethelelwa izono zakho. Zama ngamandla akho ukuba uphile ngendlela yemiyalelo kaNkulunkulu.*
- *Iya esontweni.*
- *Zilungiselele ukuba uyobhabhadiswa ngo.*________________
  ____________________________________
- *Vakashela e www.mormon.org ukuba ufunde kabanzi ngokubuyiswa kwevangeli lika Jesu Krestu.*
- *Qhubeka uhlanganyele nabafundisi bezenkolo ufunde kabanzi ngeqiniso uNkulunkulu alibuyisile ngabaprofethi bezinsuku zamanje.*
  *Isikhathi sokuhlangenyela esibikiwe ngokuzayo:*____________
  ____________________________________

*Amagama kanye nezinombolo zocingo zabafundisi bezenkolo:*

____________________________________

____________________________________

IBANDLA LIKA
JESU KRISTU
LABANGCWELE
LEZINSUKU ZOKUGCINA

**www.mormon.org**

**Isithombe Esinconyiwe**
Isamukelo: Umniningwane ovela ku *Amanzi aphilayo,* ngu Simon Dewey. © Simon Dewey. Ungaphindi
Ikhasi 2: Umniningwane ovela ku *Intshumayelo yasentabeni,* ngu Carl Heinrich Bloch. Isetshenziswe ngemvume yeNational Historic Meseum yase Frederiksborg eHillreød, Denmark
Ikhasi 5: *uKrestu Evusa iNdodakazi kaJairus,* ngu Greg K. Olsen. © Greg K. Olsen
Ikhasi 6: *Inyanga Emnene,* ngu Greg K. Olsen. © Conceptions Unlimited Investments, Inc. Ungaphindi
Ikhasi 9: *uJohane umBhabhadisi eBhabhadisa uJesu,*ngu Greg K. Olsen. © Greg K. Olsen. Ungaphindi

© 2012 by Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Ubhalwe eUSA.
Isingisi esivunyelwe: 11/05. Ukuhumusha okuvunyelwe: 11/05.
Ukuhumushwa kwe *The Gospel of Jesus Christ.* Zulu. 01198 783

ZULU
4 02011 98783 5
01198 783